

# Ugogo uthole indlu entsha

**NONHLANHLA MKHABELA**

·NGEZWI eliqhaqhazelayo, uDanisile Hlongwa oneminyaka engu-93 ubonge uMdali ngenkathi ethola ukhiye wendlu yakhe entsha kanye nesihlalo esihamba ngamasondo ngesikhathi sohlelo uSukuma Sakhe (OSS) eHammarisdale ngomhla ka 28 Ephreli.

Uhlelo i-OSS beluholwa uNgqongqoshe weZokuhlaliswa kwaBantu Nemisebenzi yoMphakathi uJomo Sibiya, owushampiyoni we-OSS esiFundeni saseZululand. Ubephelezelwe iNhloko yoMnyango weZempilo waseKZN uDkt Sandile Tshabalala, Iphini leMenenja yeDolobha yamasevisi omphakathi nezimo eziphuthumayo kuMasipala waseThekwini uDkt Musa Gumede kanye neKhansela leWadi



**UDanisile Hlongwa, Ugogo oneminyaka engu-93 wakuWadi 5 eHammarisdale uthole indlu entsha ayinikezwe ngesikhathi sohlelo lukaSukuma Sakhe.**

Isithombe:  
SITHUNYELWE

uBongumusa Dlamini.

UHlongwa, ohlala nabazukulu abangu-16 kanye nesizukulwane eMophela, eHammarisdale uthe izinsuku zakhe zokukhathazeka ngokwakha kabusha ngezingodo kanye

nezimvula ezingena endlini kube nodaka ziphelile.

“Ngithokoze kakhulu futhi ngiyabonga ngalendlu. Izimvula ezinkulu beziba inkinga emndenini wami njengoba indlu yethu yezingodo nodaka ibingaqinile ngokwanele

futhi ibidinga ukuthi yakhiwe kabusha njalo. Kepha lokho sesidlulile kukona,” Kusho uHlongwa. Indlu ifike nempahla yasendlini kanye nevawucha yokuthenga ukudla.

[nonhlanhla.mkhabela@durban.gov.za](mailto:nonhlanhla.mkhabela@durban.gov.za)

METRO EZASEGAGASINI

21 MEYI - 03 JUNI 2021

PAGE 3